Soek jy 'n fantastiese tutor?

www.teachme2.com/matriek

Byeengebring deur

teachme2

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

LWEZI 2023

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-13.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Isivivinyo sokuqondisisa	(30)
ISIQEPHU B:	Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C:	Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi	(30)

2. Funda YONKE imiyalelo ngokucophelela.

3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

5. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.

6. Bhala izinombolo njengoba zisetshenziswe ephepheni.

7. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.

8. Qaphela isipelingi kanye nokwakhiwa kwemisho.

9. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A:	Imizuzu engama-50
ISIQEPHU B:	Imizuzu engama-30
ISIQEPHU C:	Imizuzu engama-40

10. Bhala ngobunono futhi kubonakale.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

Fundisisa UMBHALO A ubuye ubukisise NOMBHALO B ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO A (OFUNDWAYO)

INKINGA YESIFO SOKUGEMBULA

1 Singabantu siyakuthakasela ukuzibandakanya kwezemidlalo enhlobonhlobo. Kuyiqiniso elingephikiswe ukuthi imidlalo ihlanganisa izizwe, ipholise ikhanda, inciphise ingxabano, yehlise nengcindezi ebantwini. Kuyamangaza ukuthi imidlalo eminingi kuphinde kube yiyona eba yimbangela yezifo nengcindezi ebantwini. Imidlalo iba yisifo esifihlakele lapho abadlali sebedlala ngokweqile, sebeyiphendula ibe yindlela yokuzama ukwenza imali ngokubheja nokugembula. 5

2 Lesi sifo sigcwele umhlaba wonke jikelele ikakhulukazi emazweni lapho ukugembula kusemthethweni. Abadala bathi umthente uhlaba usamila, yingakho kungamangazi ukuthi iningi labantu abadala abagembulayo lo mkhuba bawuqala besesesikoleni. Othisha banqanda benqandile kodwa kufane nokuthela amanzi emhlane wedada. Isihlava sokugembula sisuke sesingene shi ezinganeni yingakho kuba nzima ukuwuyeka lo mkhuba. Ziyayalwa izingane ngothisha mayelana nobungozi bokugembula, baphinde bazijezise kanzima uma zike zatholakala zikwenza. 10

3 Lo mkhuba usubhebhetheke kakhulu ngoba usuthola nomama bemizi sebemaqembuqembu, bengene shi ekugembuleni. Kuyadabukisa ukuhlasela kwalesi sifo ngoba labo mama bavuka ekuseni bashiye phansi imisebenzi yasendlini. Yibo labaya sebeqonde emizini ethile beyoshova amaphepha lize liyoshona ilanga. Lesi sifo sikhubaza ingqondo ngoba abanye ababuyeli emakhaya, bawashova kuze kuse amaphepha. Kukhona abadliwa imali yesishebo, imali yezingane eyisibonelelo esivela kuhulumeni okuholela enkingeni yokuboleka imali komashonisa. Ningi labo liyadliwa, libuya lilambatha emakhaya, imilomo isimhlophe wu! 15 20

4 Ayisaphathwa-ke eyamadoda, kukhona avuka ekuseni anikele kulezo zakhiwo okugenjulwa kuzo njengasemahhashini. Ungafunga ukuthi asuke eqonde kwamlungu. Achitha usuku lonke edlala lo mdlalo obhuqabhuqa imali. Iyihlazo elikhulu indaba yamadoda okuthi uma kuvalwa izindawo zokugembula ntambama, angalubhadi unyawo emizini yawo aqhubeke ayodlala amadayisi emarenki. Kulo mdlalo wamadayisi ukuphepha kuyindlala. Abanye bagcine sebelimazana kwesinye isikhathi kuphume nesidumbu. 25 30

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

5 Zikhona-ke nezindawo ezingamakhasino eziyishaya ziyibhuqe inkece. Lapha kutholakaka lonke uhlobo lomuntu ngisho izalukazi namakhehla. Lezi zindawo imali yempesheni ziyishaya ziyibhuqe. Okudabukisayo ukuthi uma le mali iphela, laba bantu ubathola sebedayisa ngezimpahla zabo, akukho-ke okungafakwa endalini. Kudayiswa wena mawashi, izingubo zokugqoka nezimoto. Kuze kulandwe nefenisha yasendlini imbala uma sekuphelile okungadayiswa. Bazithola sebethe shi obishini lokugembula okuholela emkhubeni **wokuthatha ngozwane** izimpahla zasekhaya. Lesi sihlava sixabanisa amalungu omndeni.

6 Ithi ingaba nkulu ingazekeki. Umphumela wokungenwa yilesi sifo wukuthi uma abantu sesibahlasele ubathola sebecashe ezindlini zabo. Uma sebekulangazelela ngempela ukudlala bavele basebenzise amakhompyutha nomakhalekhukhwini babo bangene ezinkundleni zokugembula. Yikho lokho okubuhlungu ngokugembula ngoba lesi sifo kuvamile ukuthi onaso abe yinkomo edla yodwa. Akufani nezinye izifo ezivame ukuthi abantu badudane bengamaqembu njengokusebenzisa iwunga nokuphuza utshwala.

7 Kwabanye ukuya emdlalweni webhola ukuyozijabulisa kugcina sekubahlukumeza ngoba baqala ngokubhejela iqembu elizodla umhlanganiso. Uma lehlulwa lelo qembu bazobonakala sebekhihla isililo, zehle zigeleze izinyembezi endodeni. Abanye abantu bayabahleka, abanye bacasuke bedinwa ukubona indoda ikhalela iqembu elidliwe ebholeni kanti basuke bengazi ukuthi ayisakhaleli ukudliwa kweqembu kodwa isikhaliswa imali yayo esidliwe.

8 Lo mkhuba omubi awugcini ngokuhlukumeza abantu kepha usudlulele nasekuhlukumezeni izilwane. Kuke kutholakale abantu bedlala umdlalo ongekho emthethweni, wokuqhatha izinja zohlobo oluluma kakhulu. Kulo mdlalo kuye kukhishwe imali eshisiwe. Ziyolumana-ke kabuhlungu zize zibulalane.

9 Abanye bathi, **abantu asebengenwe yilesi sifo bavame ukubhekana nezinkinga ezingapheli**. Ngaphandle nje kokuthi bagcina sebehlwempu, bengenayo nemali yokuthenga okuya ngasethunjini neyokuya emsebenzini. Bacwila shi ezikweletini. Baba namanga, baboleka imali yonke indawo bahluleke nokuyikhokha. Okubuhlungu ngukuthi abanye baphelelwa yimisebenzi ngoba bayeqa emisebenzini bayogembula. Bakhona-ke futhi abangakwazi ukuyimela le ngcindezi ngoba bagcina sebengene bagamanxa ezidakamizweni.

10 Ukugembula kulimaza impilo yomuntu ngoba akugcini nje ngokuhlukumeza ingqondo kepha kuba nezifo ezihlukumeza umzimba. Abantu ubathola bengena bephuma ezibhedlela sebenezifo ezinjengokuqwasha, ukuphelelwa uthando lokudla, ikhanda elinkenketha lingapheli kanye nezinye.

11 Nakuba kunjalo kumele sikhumbule ukuthi umuntu akalahlwa, njengazo zonke izifo nalesi yisifo esilaphekayo. Imindeni nomphakathi, mayingabagxeki abakhungethwe yilesi sifo. Mayibatholele usizo futhi izame ngazo zonke izindlela zokubalekelela ukuba baphume kulolu bishi. Bakhona asebalinqoba leli dimoni.

[Umbhalo wokuziqambela]

KANYE NO

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

Bukisisa lezi zithombe ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO B (OBUKWAYO)

1

2

3

4

[Zithathwe ku-googlepics.com zahunyushwa]

IMIBUZO YOMBHALO A (OFUNDWAYO)

1.1 Nikeza isizathu esenza imidlalo iphenduke isifo ngokwalesi siqephu. (1)

1.2 Yini eyenziwa ngothisha ezikoleni ukukhombisa ukuthi bayayenza imizamo yokuyekisa izingane umkhuba wokugembula? (2)

1.3 Fingqa ngamaphuzu AMABILI umkhuba owenziwa ngamakhosikazi okufakazela ukuthi umdlalo wamaphepha awudlalayo usuyisifo. Bhekisa impendulo yakho esigabeni sesi-3. (2)

1.4 Nikeza okungumehluko mayelana nokugembula okutholakala esigabeni sesi-4 kanye nasesigabeni sesi-6. (3)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

1.5 Khetha impendulo eyodwa enembayo kulezi ozinikiwe.

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile esigabeni sesi-5 sichaza ukuthi …

A sebeyantshontsha.
B sebeyaboleka.
C sebeyacela.
D sebeyalanda. (1)

1.6 Uhloseni umbhali ngomqondo oqukethwe isigaba sesi-8? (2)

1.7 Qhathanisa umqondo oqukethwe yisigaba soku-1 nomqondo oqukethwe yisigaba se-11. (3)

1.8 Ucabanga ukuthi yiziphi ezinye izindlela ezingasetshenziswa ukusiza labo abanesifo sokugembula? (2)

1.9 Uyavumelana yini nokushiwo yilesi sitatimende esibhalwe ngokugqamile esigabeni sesi-9. (2)

1.10 Phawula ngempumelelo yombhali ekusebenziseni isimo sokukhuluma esidwetshelwe esigabeni sesi-11. (2)

KANYE NO

IMIBUZO YOMBHALO B (OBUKWAYO)

1.11 Shono ukuthi kwenzekani esithombeni soku-1. (2)

1.12 Chaza kafushane okukhonjiswa esithombeni sesi-2 kanye nasesithombeni sesi-3. (2)

1.13 Qhathanisa okuqukethwe UMBHALO A ofundwayo esigabeni se-10 kanye nokwenzeka KUMBHALO B obukwayo esithombeni sesi-4. (4)

1.14 Uyazwelana yini nengane ekulo MBHALO B obukwayo isithombe sesi-3? Sekela impendulo yakho. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO C) simayelana nokungenziwa ukuvikela intsha ezidakamizweni.

IMIYALELO:

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana nokungenziwa ukuvikela intsha ezidakamizweni usebenzise amagama akho angedluli kwangama-70.
2. Fingqa **ngesigaba KUPHELA**.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

UMBHALO C

OKUNGENZIWA UKUVIKELA INTSHA EZIDAKAMIZWENI

Sekwaba yinsakavukela umchilo wesidwaba ukuzwa ngezidakamizwa ezisetshenziswa yintsha yakuleli. Inani lentsha ezisebenzisayo likhula mihla namalanga. Esikhathini esiningi kuba nenkinga uma lo mkhuba unganqandwa kusenesikhathi kungaze kube nomonakalo. Makuqale ekhaya kubazali ukunqanda lesi sihlava. Wonke umzali uma enika ingane imali makazi ukuthi izokwenzani ngayo ngoba ingagcina isithenga izidakamizwa.

Ingane esebenzisa izidakamizwa ayigcini nje ngokuzisebenzisa emgwaqeni, nasemakhosombeni athile, kuba khona nezithile ebuya nazo izozishwathika endaweni thizeni ekhaya. Abazali mabahlole konke okusegunjini lapho ingane ilala khona ikakhulukazi izindawo ezingekho emehlweni abo. Ukutholakala kwezikhwanyana ezincane zocwazi, nomentshisi kuyinkomba yokusetshenziswa kwezidakamizwa.

Zejwayeze njengomzali ukuhlala ukhuthuza isikhwama sezincwadi sengane ukuze ukwazi ukushesha uthole uma sekunenkinga. Izikhwama zezincwadi ezihlale ziphathwa yizingane ngisho nangezimpelasonto imbala ziyasolisa kakhulu. Zivamise ukuba nomkhuba phakathi. Ingane iyaye ishwathike izidakamizwa eziyingozi kuzo.

Ingane esiqale ukusebenzisa izidakamizwa ibonakala ngokuba noshintsho oluthizeni olunjengokwehla kwendlela esebenza ngayo esikoleni. Iyaphutha esikoleni ngenkathi iyosebenzisa izidakamizwa. Umzali makahlale exhumana nothisha ukuze baxoxisane ngomsebenzi okuzolekelela ukuba kusheshe kubonakale uma kungasahambi kahle.

Ingane mayibekelwe isikhathi okumele ibuye ngaso esikoleni ukuze kugwenywe ukuthi ingabuyi ebusuku. Ingane engabekelwa sikhathi iyaye izenzele umathanda. Ngenkathi izula emgwaqeni kunokwenzeka ukuthi isingena kuzo izidakamizwa. Izingane zivamisa ukududana zenze okufanayo njengakubhema. Ingane enabangani ababhema izidakamizwa nayo iba nengcindezi igcine isibhema.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

Kuningi okushintshayo uma ingane isingene ezidakamizweni. Ukuncipha emzimbeni, amehlo ayashintsha umbala abe bomvu, idla kancane kakhulu noma idle ngokweqile. Qaphela izimpawu emzimbeni kanye nezenzo ezithile esezishintsha enganeni.

Imizi emininingi ivamise ukuba nezimpahla ezingasetshenziswa njalo namathuluzi ahlala emabhokisini. Hlala ubheka njalo ukuthi izimpahla ezigcinwa emabhokisini zisekhona yini. Ingane esibhema izidakamizwa iyaziqaphela lezi zimpahla intshontshe, kuqambe bethi phapha abazali azisekho sekusele amabhokisi, isizithengisile ukuze iyothenga izidakamizwa.

Khumbulani bazali ukuthi libunjwa liseva, akulula neze ukuphuma ezidakamizweni kepha kulula kakhulu ukungena kuzo.

[Umbhalo wokuziqambela]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI

Fundisisa lesi sikhangisi (UMBHALO D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

[Sithathwe ku-*Sowetan News* sahunyushwa]

3.1 Shono ukuthi yini okumele uyenze ukuze uzokwazi ukungenela lo mncintiswano. (1)

3.2 Chaza kafushane isizathu sokusetshenziswa kwelogo ekulesi sikhangisi. (2)

3.3 Khetha impendulo EYODWA eshaya emhlolweni kulezi ezilandelayo:

Umdlalo webhola lezinyawo waziwa ngokuthi umdlalo …

A wombhoxo.
B womnqakiswano.
C womphebezo.
D kanobhutshuzwayo. (1)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

3.4 Guqula umusho osendleleni ephoqayo kulesi sikhangisi ube sendleleni yamandla. (2)

3.5 Chaza ngokusetshenziswa kwefonti engafani emagameni adwetshelwe akulesi sikhangisi. (2)

3.6 Ake uncome umbhali walesi sikhangisi ngokusebenzisa ulimi olukhohlisayo kulesi sikhangisi. (2)
[10]

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)



[Ithathwe ku-intanethi ye-funny cartoons yahunyushwa]

4.1 Nikeza OKUBILI okwenziwa umlingiswa osesandleni sokudla okukhombisa ukuthi uyancenga. (2)

4.2 Chaza kafushane ukuthi igama elibhalwe ngosonhlamvukazi esibiyelweni 'BABA' esikule khathuni lisetshenzisweleni. (2)

4.3 Ucabanga ukuthi amabhrifukheyisi (briefcase) aphethwe uMashonisa asho ukuthini? Sekela impendulo yakho. (2)

4.4 Sebenzisa igama elidwetshelwe emshweni ozakhele wona ukhombise ukuthi uyayiqonda incazelo yalo. (2)

4.5 Phawula ngokusetshenziswa kwezibiyelo ezingafani kule khathuni. (2)
[10]

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO F

UMCULO WESICATHAMIYA

Isicathamiya wuhlobo lomculo oculwa kakhulu yisizwe samaZulu. Abaculi kujwayele ukuthi kube ngabantu besilisa abasukela kwabane ukuya phezulu. Abaziyo bathi lo mculo waqalwa ukuculwa emadolobheni, ezindaweni ezingamahostela. Abaculi besicathamiya banekhono lokuhlanganisa amaphimbo ahlukahlukene abe wumzwilili ngaphandle kokulekelelwa yizinsimbi zomculo. Kuba nomholi osambhidisi. Abaculi **basebenzisa** isigqi esisakucathama sengathi ikati bese kuba nokusina. Okunye okuye kuhambe phambili emaqenjini yingqephu edla lubi.

Ukuthandwa kwalo mculo kwenza ukuthi ingapheli imiqhudelwano ebanjwa emahholo ezindaweni ezahlukahlukene. Lapho-ke zisuke zidlana imilala. Kulolu hlobo lo mdlalo kuba nemiklomelo etholwa **yiqembu** elidle ubhedu. Kuba mnandi kuzibukeli kuzalele ihlokohloko, sezisina zidedelana izinsizwa kudele umakhasana.

Izinga lesicathamiya labuye lakhushulwa yiqembu le-Ladysmith Black Mambazo elaliholwa ngumfokaShabalala ongasekho. Leli qembu laze lathola izindondo ze*Grammy Awards* okuyingqayizivele ukuklonyeliswa ngazo. Udumo lweMambazo lokucula nangolimi lwesiNgisi kwenze lahlanganyela nabaculi abaseqophelweni eliphezulu abanjengo-Paul Simon no-Dolly Parton. '**Singayikhohlwa kanjani ingoma ye-Ladysmith eyadla ubhedu ethi *Homeless*?' kubuza abaningi.**

[Umbhalo wokuziqambela]

5.1 Nikeza igama elimqondofana naleli elidwetshelwe elisemgqeni woku-1. (1)

5.2 Shono ukuthi isakhi esidwetshelwe emgqeni wesi-3 sisetshenziselweni. (1)

5.3 Shono ukuthi sisetshenziselweni isimo sokukhuluma esidwetshelwe esigabeni sesibili. (2)

5.4 Bhala igama elihambisana nalelo elidwetshelwe emgqeni wesi-6 selisebenze lakha isimo sokukhuluma. (1)

5.5 Khetha impendulo EYODWA eshaya emhlolweni kulezi ezilandelayo:

Shono ukuthi le thekisti ihleleke kanjani.

A Iyaqhathanisa
B Iyachaza
C Iyehlukanisa
D Iyalandisa (1)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

5.6 Lisetshenziselweni igama elibhalwe ngokugqamile elitholakala emgqeni we-10. (1)

5.7 Bhala igama elidwetshelwe elitholakala emgqeni we-13 emshweni ozakhele wona selikhomba buqamama. (1)

5.8 Guqula umusho obhalwe ngokugqamile ube yinkulumombiko. (2)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70